HILLCREST HIGH SCHOOL

IBANGA LESISHAGALOLUNYE (GRADE 9)

UKUHLOLWA KUKAJUNI 2018

ISIZULU ULIMI LOKWENGEZELELA (FAL)

IPHEPHA LESIBILI (PAPER II)

ISIKHATHI: 2 Amhr.

AMAMAKI: 100

QAPHELA

- Funda LONKE [WHOLE] iphepha ngaphambi (before) kokuqala ukubhala.
- Bhala umsebenzi OHLANZEKILE (neatly)
- UNGAYIXOVI [SEQUENCE imibuzo.
- Funda LONKE [WHOLE} iphepha uma uqeda (finish) ukubhala

OKUHLE KODWA !!!!

## ISIQEPHU A

1. Fundisisa izihloko ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso amagama anga-80 kuya kwayi-100

INCWADI / LETTER

1.1 Bhalela umngani wakho INCWADI umxoxele ngeholidi okade uye kulona nomndeni wakho. Write a letter to your friend telling him / her about your holiday

[30]

INGXOXO / DIALOGUE

1.2 Kade uyocela kumama ukuya ephathini kamngani wakho e-Durban North. Uzocela yena futhi ukuthi akuhambise. Umama akanaso isikhathi sokukuhambisa ngakho uthi ngeke uye ephathini. Wena uyamncenga. Bhala INGXOXO yakho nomama. You have asked permission to go to a friends party in Durban North and you are also going to request your mother to drive you to the place. Your mother is telling you that she is going to be busy i8n the next few days and she will not be able to drive you there.Write a DIALOGUE of your conversation.where you are persuading her.

[30]

## ISIQEPHU B

2. Khetha isihloko ESISODWA kulezi ezilandelayo ubhale ngaso amagama anga-60 kuya kwanga-80

ISIKHANGISI / ADVERTISMENT

2.1 Bhala isikhangisi sebhizinisi ozozivulela lona. Write an

ADVERTISEMENT of a business you want to open.

(20)

NOMA / OR

IPHOSIKHADI / POST CARD

2.2 Uhambisane nabanye nisuka eNingizimu Afrika nayofunda eJalimane. Bhalela ubaba **IPHOSIKHADI** umxoxele ukuthi nihambe kanjani nokuthi kunjani eYunivesithi. You have travelled to German with a group of other students from South Africa to study at one of their universities. Write a POSTCARD to your father telling him about your trip and the university. (20)

NOMA / OR

ISIMEMO / INVITATION

2.3 Udadewenu ugumba usuku lokuzalwa ngenyanga ezayo, abazali bathe wena uzobhala ikhadi **LESIMEMO** umeme abantu. Your sister is going to celebrate her birthday next week your parents have asked you to write an **INVITATION** card. (20)

**ISAMBA [50]**

ISIQEPHU C

IZINHLIZIYO EZIBUHLUNGU .Nakanjani Sibiya

1. Khetha abalingiswa ABABILI ubhale ngabo amaphuzu **AMAHLANU** umuntu emunye. Choose **TWO** characters from below and write **FIVE** points about each one of them.

1.1 UYoliswa

1.2 UBacuphile

1.3 UMnumzane Banda

1.4 UNkosazane Bhamjee (10)

2. Funda iziqephu ezingenzansi bese uphendula imibuzo ngemisho EPHELELE.

"Ngizocela ngokuzayo uma ninemihlangano niyibambele ehhovisi likankosazane Bhamjee. Lapha ihhovisi lami, lihloniphekile kakhulu. Bengibize unkosazane Bhamjee njengeso lami kuBacuphile. Bengingashongo ukuthi amame naye. Ngizocela inhlonipho njengenhloko kuleli hhotela. Singejwayelana impela kodwa kumele singangenani ekhukhwini.[7] Ngiyacela bandla." Washo maqede wabheka phansi uMphathi kwaba sengathi uthi, "Uma ngivusa ikhanda anibe ningasabonwa." Waphuma enyobozela[8] okwenja ibanjwe idla amaqanda uYoliswa kanti uBhamjee wabuza ukuthi uMphathi useqedile yini ukumdinga yena? UMphathi waphinda ngawo umoya wokukholwa wacela ukuthi akaphume. Sebeyohlangana ngayo insimbi yesibili endlini yokudlela esesitezi sesihlanu.

Yashaya insimbi yesibili. Kwaxhuphuzela amathumbu uBacuphile enyuka izitebhisi eya endlini yokudlela lapho. UMphathi wayesekhona kanjalo nonkosazane uBhamjee wayesehlale imizuzu ethi ayeve eshumini. Wangena uBacuphile, uMphathi wathi akavale umnyango. UBacuphile wayehleli eqondene namafasitelakazi amakhulu asehhotela akubukisa kahle ubuhle bezintaba zoKhahlamba. UMphathi wakuqaphela ukuthi kuBacuphile ujulile nemicabango.

"Bacuphile Khoza, endlini yezivakashi owaqashelwa ukuba uyinakekele kulahleke amakhulu amane amarandi, ngokusho kwekhasimende lethu. Umuntu onokhiye nguwe, izivakashi, nalabo abazipele-ke abahlala esisefweni esikhulu. Akukho nje engingathi ngiyakusho ngaphandle kokuthi ngicela wena uchaze okwaziyo ngodaba." Washo wabheka phansi etafuleni, wabheka uBacuphile uMphathi.

"Ngizwile impela ukuthi kwenzeke lokho, akukho engingakusho ngaphandle kokuthi angazi lutho. Angiyithathanga imali,"

2.1 Ubani igama likaMphathi ehhotela? (1)

2.2 Ubani lo uMphathi amtshela (tell) ukuthi angababambeli (not to hold) imihlangan (meetings) ehhovisi lakhe. (1)

2.3 UMnumzane Banda uthi ubebize (call) bani ehhovisi lakhe? (1)

2.4 Ubani owaphuma enyobozela okwenja ubanjwe idla amaqanda ehhovisi lomphathi.? (1)

2.5 Uyaphi uBacuphile njengoba enyuka izitebhisi? (2)

2.6 Wafika kukhona bani uBacuphile endlini yokudlela.................. (1)

2.7 UMphathi wathi akenzeni uBacuphile uma efika (arrived) endlini yokudlela. (1)

2.8 Khetha impendulo EYODWA efanele ubhale yona KUPHELA.

2.8.1 Endlini yekhasimande kwakulahleke .

(i) Ikhulu lamarandi.

(ii) Amakhulu amathathu.

(iii)..Amakhulu amane amarandi. (1)

2.9 UYoliswa ikhaya (home) lakhe.

(i).. IseDutywa

(ii) IseMonti

(iii) IseQonce (1)

2.10 Phendula ngokuthi IPHUTHA noma IQINISO.

2.10.1 UBacuphile wayintshontsha (stole) ngempela imali.

2.10.2 UNkosazane Bhamjee noYoliswa bantshontsha imali yekhasimende.

2.10.3. Ikhasimende elantshotshelwa (stolen) imali kwakuyiFrentshi. (3)

[12]

2. Funda abalingiswa abhalwe lapha ngenzansi bese ukhetha **ABABILI** ubhale ungadluli emigqeni **EMIHLANU**

Read the names of the characters below and choose **TWO** and write **FIVE** points on each one of them.

3.1 UMaNduli

3.2 UThemba

3.3 UNtombi

3.4 UThembi [10]

4 Funda isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo ngemisho EPHELELE

"Ye...bo... ngikhuluma nobani? Kanti akusiye uThemba lowo?"

"Cha, Nkosikazi, kusesiteshini samaphoyisa eSherwood lapha. Ukhuluma nosayitsheni Ngcobo. Wena unguNkosikazi kaThemba Sikhosana?"

"Yebo, ngiphuthume mnumzane kanti kwenzekani kumyeni wami?"

Kuthi ukuthula isikhashana bese lithatha iphoyisa lithi, "Kutholakale imoto yohlobo lwe-VW Golf Shuttle, ebomvu, enezinombolo zaseMgungundlovu. Ibipake eceleni komgwaqo okunesikhotha esikhulu eduze kwawo. Kungabe uyayazi?"

"Yebo, imoto yomyeni wami leyo. Pho..." Anqanyulwe iphoyisa limngena emlonyeni. "Nkosikazi angizukugeqa amagula ocingweni. Lubucayi lolu daba. Kuhle kube ngamaphoyisa eza lapho emzini wakho azokwendlalela lonke udaba. Ngokuphazima kweso nje azobe eselapho." Kusalokhu kuduma ikhanda nje kuMaNduli.

"Engakwazi nalapha ekhaya nje ayofika mhla zingaki?"

"Ucabanga ukuthi inombolo yocingo siyithathephi? Konke sikuthole kudayari yakhe umyeni wakho."

"Hhayi, azothatha isikhathi, kungcono ngishaye imoto manje ngizizele mina lapho." Waluthi gakla phansi ucingo uMaNduli. Waqonda ekamelweni lakhe wathi hlwi okokugqoka okufudufudumele wakuthi ji ngaphezu kwezokulala abezifakile. Konje ubewubeke kuphi ukhiye wemoto? O, nawu ulenga odongeni. Awuthathe. Emva kwalokho waqond ekamelweni likaNtombi. Uzihlalele nje uNtombi embhedeni uphethe ipeni nephepha uyabhala. Kukhulu-ke lokho akubhalayo osekumenze wathatha ingqondo yakhe wayigxilisa kukho. Nakhu phela akamzwanga ngisho unina evula umnyango. Usezwa ngaye nje esethi, "Ntombi, sengathi kukhona okungahambi kahle lapha. Ngisaphuthuma esiteshini

4.1 Ubani obuza uMaNduli ukuthi unguNkosikazi Sikhosana yini?(1)

4.2 Ukuphi uMaNduli lapho ebuzwa (asked) khona? (2)

4.3 USayitsheni Ngcobo ufuna ukumtshela (tell) ukuthini uMaNduli ngoThemba? (1)

4.4 Amaphoyisa yini ayibona iphayiza amalambu? (1)

4.5 Ekabani imoto eyayiphayiza amalambu? (1)

4.6 Amaphoyisa amthole enzani umyeni kaMaNduli? (2)

4.7 Iphoyisa yini eliyikhipha emvilaphini ephezu kwetafula (1)

[10]

5. Phendula imibuzo elandelayo ngokubhala igama ELILODWA. Write one word ONLY

5.1 Igama lengane kaMaNduli u......

5.2 Isiteshi samaphoyisa esashayela uMaNduli ucingo ise......

5.3 Isibongo sikamyeni (husband) kaMaNduli u........

5.4 Umzala kaMaNduli owumakhelwane (neighbour).u....

[4]

6. Khetha (choose) impendulo EYODWA kulezi ezisezikokeleni ubhale yona KUPHELA. Write the answer ONLY

6.1 Imoto yomyeni kaMaNduli (kwakuyi-VW Golf, i-Citi Golf, i-GTI Golf)

6.2 Abantu abavula umnyango ekamelweni likaNtombi (amaphoyisa, omakhelwane, umzala kaMaNduli)

6.3 UMaNduli uthi ubaba kaNtombi ( isigebengu, isidakwa, akasebenzi)

6.4 UNtombi wabhalela umama wakhe ( i-e-mail, i-SMS, incwadi)

(4)

[50]

ISAMBA 50+50 [100]